



Umzumbe
MUNICIPALITY

UMZUMBE MUNICIPALITY UMASIPALA WASEMZUMBE

C/o P.O. Box 561
HIBBERDENE
4220

Tel: c/o 039 972 0005
Fax: c/o 039 972 0099
E-mail: sabelo@umzumbe.gov.za

OFFICE OF THE MAYOR

Somlomo Khansela Shozi ngiyabonga ithuba

Ngikhuleke emakhosini aseNdlunkulu

Sekela Meyu Khansela Cele

Amakhansela wonke ngokwezihlalo zawo

Abasebenzi likaMasipala beholwa uBaba uCele

Bonke abakhona

Izinhlaka zonke ngiyazibingelela

Sanibonani

Somlomo ngethula le draft budget ngesikhathi esinzima ezweni lonke nasemhlabeni wonke ngenxa ye gciwane icorona noma I COVID 19. Umhlaba wonke uyanyakaza ngenxa yalenkinga. Sizwile uMongameli wezwe ubaba uCyril Ramaphosa ethula imiyalelo ebheke esizweni sonke ukuthi abantu abahlale emakhaya ngenxa ye shutdown eyimizamo yokulwa nalolubhubhane.

Sizokhumbula ukuthi kusuka kusasa mhlaka 26 kuze kube umhlaka 16 April 2020 kuzobe kume yonke into eSouth Africa nabantu kuthiwa abahlale emakhaya ukuze bangandisi ukuthelelana ngegciwane.

Noma kanjani lokhu kuzoba nomthelela emnothweni wezwe okuzosichaphazela nathi njengoMzumbe. Isikhathi esikusona vele umnotho wezwe uzikile namathuba emisebenzi ayalahleka. Sibhekene nenkinga yamanzi nogesi. Konke lokhu kubanga ulaka emphakathini. Lokhu kufakazelwa imibhikisho ekhuluma ngalezinto

Uma sithula le draft budget sizogaphela ukuthi abantu baseMzumbe basengaphansi kwengcindezi yobubha kanti nomasipala uyilenhlobo encike emalini eqhamuka kuhulumeni kazwelonke. Lokho kudalwa ukuthi asinazo izindawo ezinjengamadolobha lapho singakwazi khona ukuqoqa ama rates. Kuleminyaka emibili edlule le mali ilokhu yehla ngenxa yonotho ontengayo ezweni lonke. Lokho kusinikeza inselelo ukuthi sisebenze kanzima ukuthi sigcine sinazo izindawo lapho siqoqa khona imali ukuze sithuthukise uMzumbe. Iqininiso ukuthi sinenkinga yemigaqo yethu emibi ikakhulu ngezikhathi zasehlobo ngenxa yezimvula. Uma kuthiwa kuya ngokwethu ngabe yonke imigaqo yethu imnyama. Imali ayikho noma isifiso sikhona.

Ekuqaleni kwalenyanga sihlanganile kwi strategic planning eThekwini lapho iminyango yethu yenze khona izethulo zama projethi. Noma ayebukeka emahle kodwa imali engekho yenza sigcine singakwazi ukuwenza wonke. Izidingo zomphakathi ezifaka imigaqo, amathuba osomabhizinisi, abasha, omama nezinye ziba ziningi bese kuthi imali ibencane.

Somlomo esinye seziphakamiso esavela kwi strat plan kwaba ukuthi sekuyisikhathi lapho kumele sihambe khona singqongqoza nakuhulumeni wesifundazwe, okazwelonke kanye ne private sector ukuze sicele izimali zokulungisa ingqalasizinda yethu.

Ngaphandle kokuchitha isikhathi Speaker angiyi kuwona amazwibela e draft budget ngethemba lokuthi amakhansela abhekile imininingwane yonke ngeso elibanzi.

Isiyonke ibhajethi ephakanyiswayo iwu R328 million eqhamuka kuma granti kahulumeni awu R186 million kanye nemali eyongiwe umasipala ewu R19 million. Siphinde sangeza ngo R848 thousands oqhamuka ekudayisweni kwama Tender documents, kubebimali eqoqwe kuma rates ewu R7,5 million kanye nemali evela esikhwameni sikamasipala ewu R115 million. Isiyonke imali ezobheka ukusebenza komkhandlu iwu R226 million bese kuthi eyokwakha ingqalasizinda ibe u R102 million.

Lebhajethi ihlahlelwe kahle kwi agenda enikezwe amakhansela kanti iphinde ifake nemali ewu R92 million efaka phakathi imiholo yabasebenzi namakhansela. Uma lemali siyibiza ngamanani izwakala inkulu kodwa iqiniso lithi uma ubheka izidingo zaseMzumbe incane kakhulu. Noma kunjalo uma singayisebenzisa ngobunono singawenza umehluko ezimpilweni zabantu. Amakhansela azophinde aqaphele ukuthi udaba olubuhlungu oluvela kubaba uTito Mboweni onguNgqongqoshe weZimali kanye nomama uNkosazane Dlamini-Zuma onguNgqongqoshe wakwa COGTA othi asinciphise izinto esingaphila ngazo. Iminyango eminingi kahulumeni yenza njalo kanto nomasipala abaningi benza njalo nathi sekuyisikhathi sokwenza njalo.

Uma sengiphetha Somlomo I corona ikhona njengoba eshilo uMongameli abantu abahlale ezindlini bangabi uvanzi emigaqweni.

Balandele imigomo yenhlanzeko njengokuwasha izandla. Silishumayeze lelivangeli emphakathini yakithi ize ilamukele ukuze sihlenge izwe. Uma isimo sivuma emva komhlaka 16 kufanele siye ezinhlakeni zomphakathi ukuze nawo ubeke uvo lwawo ngaphambi kokuthi siphasise ibhajthi yonyakamali ka 2020/2021

Somlomo ngivumele ngethule I draft budget yonyaka ka 2020/2021 kuMkhandlu ukuthi uyiphasise

Ngiyabonga.

HONORABLE COUNCILOR MS. M.P.L. ZUNGU

ACTING MAYOR

UMZUMBE MUNICIPALITY